



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA LE-11

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)
IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

IPHEPHA ELIYISIBONELO 2007

AMAMAKI: 75

ISIKHATHI: Amahora amabili

Leli phepha linamakhasi ayisi-9.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule Imibuzo.
2. Leli phepha lehlukane iziqephu EZINTATHU:
Isiqephu A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
Isiqephu B: Ukufingqa (10)
Isiqephu C: Uhlalo nokusetshenziswa kolimi (40)
3. Mabaphendule yonke imibuzo ekuleli phepha.
4. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
5. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa le ndatshana engezansi, bese uphendula imibuzo ezolandela:

Uma ukhuluma ngezimfashini zokulungisa ikhanda usuke usuthinte indaba enkulu kumuntu wesifazane eqinisweni usuke usumthinte emafutheni. Baqokelela imali elinganiselwa ema-R300 ngenyanga, baphinde badlule ebuhlungwini obumangalisayo bokudonswa ekhanda. Konke lokhu bkwenza egameni lobuhle, angithi vele kuyashiwo ukuthi ubuhle bomuntu wesifazane busekhanda. Umuntu wesifazane angancamela ukulala engadlile kunokuthi angaba nekhanda elibi.

Kusukela emandulo ikhanda belinakekelwa kunazo zonke izitho zomzimba. Umehluko phakathi kwesikhathi samanje nakudala, ukuthi kudala uhlobo oluthile lokulungisa ikhanda belihambisana neminyaka yobudala bentombazane. Isikhathi samanje asikunaki konke lokho asiboni ngisho encane ingane lena isithiwe dlu iwigi kanti izingane bezilukwa amagoda zize zibe amajongosanyana.

Impithi noma umxhanxatho, isikholwa, isihluthu esi-treshiwe bekuyizona zitayela ebezidlisa. Namhlanje sikhuluma ngo-straight back, pony tails, ama-screws, opelepele kanti newigi isibuye ngezinkani. Kukhona nalabo besifazane abaqoka ukuziyekela izinwele zabo zemvelo ngenhloso yokwenza ama-dreadlocks, bese kubakhona labo abangafuni nhlobo unwele emakhanda. UThembisile wodumo lama-Pop stars ungomunye wabathanda imbungculu uthi kushibhile ukuba nembungculu futhi ikhanda lizezeka kalula. Uphawula athi ukhokha kuphela amarandi angama-R20 uma egunda imbungculu. Lokho kusho ukuthi uyonga kunalaba abakhokha ama-R300 ngekhanda nje.

Uthi bewazi ukuthi kuthiwa ngenxa yokuthanda ukulungisa ikhanda umuntu wesifazane angancamela ukuququdwa yindlala imbala esethathe yonke imali yokugcina wayokwenza ngayo ikhanda. Umhlola omkhulu wukuthi kuthiwa umuntu wesifazane uma elungisa ikhanda lonke ufuna 'ukudlisela' kwabanye besifazane ngoba vele abesilisa abanandaba kakhulu nokuthi ulilungisa kanjani ikhanda kuphela nje uma lihlanzekile.

Abantu besifazane ngokwendalo banomkhuba wokuqhudelana bodwa. Lokhu kuqhudelana ngezinto ezincane ezifana nokulungiswa kwamakhanda kube nomthelela ongemuhle ngasempilweni jikelele ngoba umuntu uhlala efuna ukuphuma phambili yedwa, angabe esabacebisa abanye bese kudala ingxabano engagcina sekuthakathwana imbala noma sekubizwana ngamagama ayizici.

Abanye besifazane bathi ukugqoka kahle akwenelisi uma ikhanda ungagculisekile ngalo. Uma umuntu efika esaluni uyaye achaze ukuthi ufuna ukwenza nhloboni yesitayela. Uma lowo omenzayo mhlawumbe ezama ukumchazela ukuthi leso sitayela ngeke simfanele, umane ubone nje ukuthi useyinyathele emsileni. Ukutshela anganqeni ukuthi lokho azokwenza ubesekucabangile, kwesinye isikhathi uze azincengele ukuthi akwenziwe kahle ngoba uya emcimbini omkhulu ungafunga ukuthi kwenziwa mahhala.


Bayavuma abesifazane ukuthi uthi uba muhle nje kusuke kusetshenziwe nokuthi kubalulekile ukuthi nabanye besifazane bakubone iseyintsha 'i-hairstyle' yakho ukuze ubone ukuthi ushayile ngempela .

Eqinisweni noma ungakubiza kanjani kodwa ukulungisa ikhanda kubuhlungu.

IMIBUZO:

- 1.1.1 Iyipi indaba enkulu ngokusendabeni kumuntu wesifazane? (1)
- 1.1.2 Uncamela ukwenzani umuntu wesifazane kunokuthi abe nekhanda elibi? (1)
- 1.1.3 Phawula ngomehluko okhona phakathi kwesikhathi samanje nesakudala mayelana nokulungisa izinwele. (2)
- 1.1.4 Yimalini echithwa ngenyanga ngumuntu wesifazane ekulungiseni izinwele ngokwasendabeni? Yibhale ngamagama. (1)
- 1.1.5 Sekela lo mbono : UThembisile ungumuntu othanda ukonga imali. (2)
- 1.1.6 Khetha isitayela sokwenza izinwele esingaveziwe endabeni kulezi: (1)
- (a) Straight back
- (b) Pony tails
- (c) Perm
- (d) Ama-screws
- 1.1.7 Lifakelweni igama elithi: 'ukudlalisa' kubakaki/kubacaphuni lapha? (1)
- 1.1.8 Umqhudelwano wabesifazane mayelana nokulungiswa kwezinwele awulethi miphumela emihle: Ngokwasendabeni kugcina sekwenzenjani. Shono okubili. (2)
- 1.1.9 Ake uphawule ngombono wabesifazane mayelana ne-hairstyle eseyintsha. (2)
- 1.1.10 Uyazwelana yini nabantu besifazane abanale nkolelo yokuthi ubuhle busezinweleni kuphela. (2)

1.2 Bukisisa lo mfanekiso olandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi:



UMFUNDISI weCovenant Fellowship Church International (CFCI) uBheki Givenson Gazu ukhulekele abafundi bezikole zasoLundi waze waphrofetha nemiphumela emihle kaMatric. ISITHOMBE: ZANDILE SHANGE

IMIBUZO:

- 1.2.1 Yini inhloso yalo mkhuleko? (2)
- 1.2.2 Nikeza isiphrofetho sikamfundisi Gazu. (1)
- 1.2.3 Lichaza ukuthini igama elithi: ukuphrofetha? (1)
- 1.2.4 Ngabe kuyabasiza yini abafundi ukukhulekelwa ngaphambi kokubhala ukuhlolwa ibanga le-12. (3)
- 1.2.5 Ihholo laligcwele lichichima. Ngabe kuliqiniso noma akulona iqiniso lokho? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.6 Ngaphandle kokukhulekela abafundi ukuba baphumelele, ucabanga ukuthi yini enye eyenze lo mfundisi ahlanganise abafundi bezikole ezahlukeneyo? (2)
- 1.2.7 Shono izinto ezintathu ezikhombisa ukuthi ngempela lapha kuyathandazwa. (3)
- 1.2.8 Ubani umthwebuli walesi sithombe? (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Fundisisa le ndatshana ngokucophelela, bese uyayifingqa ngamagama akho angamashumi ayisi-6 kuya kwangamashumi ayisi-7:

MALITHWASE NASEMAKHAYA ETHU IHLOBO.

Kubalulekile ukuthi nengaphandle lekhaya lihlobe noma ligqokiswe. Ikhaya alingabi lihle ngaphakathi kuphela, kodwa nangaphandle kumele libe lihle. Ukuhlobisa ingaphandle lekhaya nakho kudinga uthando nokuzinikela. Lokhu kuhloba kungaba ngamawindi abenyezelayo kuthi ikhethini elingaphakathi lihlanzeke, izindonga negceke nakho kuhlanzeke.

Njengoba selithwasa ihlobo, nathi kufanele sizinike isikhathi silungise amakhaya ngaphandle. Singalindi kuze kufike isikhathi sesiphithiphithi sikaKhisimizi, namanani ezinto esekhuphukile bese kuba yima siqala sithi siyalungisa.

Njengoba kuyisikhathi semvula eningi kumele sibheke uphahla ukuthi lulungile yini. Ayikho into ebuhlungu njengokuthi nithi nizihlalele kamnandi nibone ngophahla seluwela phezu kwenu, amanzi asegcwele indlu. Ngakho-ke kumele silubheke uphahla, sivale izimbobo uma zikhona, sihlele amathayela axegayo noma silupende uma kunesidingo. Uma indlu ifulelwe ngotshani isikhathi esihle lesi ukuthi sibuhlele kahle lobo tshani obufulele.

Uma uzocabanga ukupenda indlu qikelela ukuthi uyazazi izinhlobonhlobo zopende. Opende bahlukahlukene. Kukhona upende wangaphakathi endlini, kanye nopende wangaphandle. Uma uzothenga upende kuhle uxoxe nomuntu onolwazi olunzulu lopende, ukuze akwazi ukukweluleka ngohlobo lukapende okumele uwusebenzise. Okunye ongakuqaphela imibala yopende yomakhelwane. Kuye kube kubi umuzi usupendwe ngopende obizayo kodwa ungangambisani nombala wopende osetshenziswe ngomakhelwane.

Njengoba kuthwasa ihlobo siyazi ukuthi sekuyisikhathi semvula, akusho-ke ukuthi imvula yiyona ezohlamba amawindi. Amawindi awanasikhathi sehlobo amele ukuhlanjwa njalo nje. Kubalulekile ukuthi ngalesi sikhathi ahlanzwe ngoba akubukeki ukuthi ngesikhathi sikaKhisimusi amawindi agqwalile ngenxa yokungcola.

Kuhle silungise, siqinise amaphayiphi ahambisa amanzi emvula, ukuze lawo manzi angavimbeki uma kufanele adlule, noma angangcolisi izindonga. Kumele siqaphele nezinto esizifaka emaphayiphini ukuze sizitholi ngosuku lukaKhisimusi igceke seligcwele indle sekuvimbanise nephunga ngenxa yokuthi isitamkoko siqhumile. Kumele futhi silungise imisele ehambisa amanzi emvula ukugwema amadamu abasegcekeni uma linile.

Umuzi eqinisweni ufana nezingane zakho ozizalayo. Akukhathalekile ukuthi umuzi ngaphakathi unempahla enhle, kodwa uma ingaphandle lawo linganakekelwa akukuhle neze. Akufanele ukuthi uma umuntu ezongena aqale amemeze ngenxa yokungcola acele ukuba akhuzelwe izinyoka. Umuzi ufuna ukubanjiswana, uma umama ebheke ukuhlanzeka kwangaphakathi kumele ubaba abheke ukuhlanzeka kwangaphandle. Kuyenzeka ubaba abe ngumuntu ongenaso isikhathi sokunakekela ikhaya ngenxa yokuxakeka okuthize, kuhle aqashe umuntu ozobheka zonke lezi zinto ezibaliwe. Kanjalo nomama wekhaya uma exakekile engenalo ithuba lokubheka ikhaya naye makafune umsizi, ngoba kubalulekile ukuthi ikhaya lihlanzeke. Inhlanzeko yangaphandle isho inhlanzeko yangaphakathi.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOHMI**UMBUZO 3****Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:**

Izinto ezinhle zitholwa yilabo abazifunayo, abangahleli phansi. Ukukhangeza akuyona into yalo mbuso wethu wentando yeningi. Yilowo nalowo muntu kufanele asukume azame ukusebenzisa amathuba uHulumeni wethu awavezayo. Ubuwila kwenza ukuba abantu babe nomona nezinhliziyo ezimbi.

Uma ulivila wedlulwa izinto eziningi, uze ucabange ukuthi wena uyazondwa noma unebhadi. Ubuwila lobu buyisifo uma uthanda ungathi kungumkhuba omubi. Okuhle ngobuvila ukuthi buyanqobeka.

- 3.1 Nciphisa amagama adwetshelwe kule misho elandelayo bese ubhala imisho yakho ngalawo magama owanciphisile:
- 3.1.1 Ubuwila lobu buyisifo. (2)
- 3.1.2 Umkhuba wobuvila mubi kakhulu. (2)
- 3.2 Bhala amagama aphikisana nalawa angezansi adwetshelwe:
- 3.2.1 Ivila alithandeki. (1)
- 3.2.2 Wena uyazondwa. (1)
- 3.3 Tomula amagama achazayo kule misho engezansi:
- 3.3.1 Umkhuba omubi ukuvilapha uma uphila ungaguli. (1)
- 3.3.2 Izinto eziningi ziyakwedlula uma uhleli phansi. (1)
- 3.4 Bhala lo musho olandelayo uphike/ulandule:
Kuhle ukuvilapha. (1)
- 3.5 Qedela lezi zaga ezilandelayo:
- 3.5.1 Ivila lidla (1)
- 3.5.2 yeswela umsila ngokuyalezela. (1)
- 3.6 Bhala umusho ngalelo nalelo gama kwalandelayo kuvele ukuthi incazelo yao uyayazi:
- 3.6.1 uHulumeni (2)
- 3.6.2 Inhliziyo (2)

- 3.7 Phinda ubhale le nkulumo engezansi usulungise amagama asezikokeleni:
(dlala) izingane ebaleni lesikole. Kukhona eyodwa (limala) kabi. Uthisha uyithatha (moto) yakhe uyisa kwadokotela. Udokotela (bopha) amaxeba (bhandeji) 5
- 3.8 Lungisa okonakele lapha kulo musho:
- 3.8.1 Bangene bahlala phansi bonke abantu eholo. (1)
- 3.8.2 Wathi uma eqamuka kwathula kwathi nya. (1)
- 3.8.3 Ubaba uthe; ngabe uyezwa ukuthi uthini kimi. (3)
- [25]**

UMBUZO 4

Ephapheni elijwayelekile lesiZulu kuvele izihloko ezilandelayo.
Zifundisise bese ulungisa okonakele o kuvezwe kubakkake elcugcineni komusho:

- 4.1 Isihloko: **Izinxabano zishiya kubhidlikile imishado.** (isipelingi) (2)
- 4.2 Isihloko: **Zibuke ngokuzithanda esibukweni.** (ulimi) (2)
- 4.3 Isihloko: **Isikole iSigweje izogubha iminyaka engama-40.** (isivumelwano senhloko) (1)
- [5]**

UMBUZO 5

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

SESASHONAPHI ISIZOTHA EMINGCWABENI?

Kuqhuma uhleko izintokazi eziziphophothile zimi izixongololo zigigitheka ubala. Naziya ezinye zinikana ama-hug. Ingqephu kanokusho idla umunyu, babodwa abadlubhe ezinemiqhewu efika le. Abanye baveze imihlane namabele (*cleavage*) izinsizwa nazo zifake izibuko ezidimile. Iziqholo abazisebenzile ungathi bebegeza ngazo. Ayisaphathwa eyamaselula, noma ngabe bekucelwe kahle ukuthi avalwe.

Bhala izinto ezinhlanu ezitholakela kulo mbiko, ezifakazela umbuzo oyisihloko salo mbiko. **[5]**

35**AMAMAKI ESIQEPHU C:****AMAMAKI ESEWONKE:****75**